

## ISITATIMENDE SABEZINDABA SAKWASARS NGODABA LWE-CRRC

**Tshwane, 21 kuNtulikazi 2022** – UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) luyasemukela isinqumo seNkantolo Ephakeme yaseNorth Gauteng sokuchitha isicelo se-Chinese Railway Rolling Stock Corporation (i-CRRC) sokuthi uSARS ubuyise imali oyithathe ku-akhawunti yabo yasebhange usebenzisa umuntu wesithathu owayeqokwe ngokwesigaba 179(6) soMthetho Wokuphathwa Kwentela Nombolo 28 wezi-2011 njengengxenye yemizamo kaSARS yokugqogqa izintela ezingakhokhiwe.

Isigaba 179 soMthetho Wokuphathwa Kwentela unika uSARS amandla okuqoqa isikweletu sentela somkhokhintela ngokusebenzisa umuntu wesithathu ophathele noma okweleta umkhokhintela, noma ozophathela noma ozokweleta umkhokhintela, imali yomkhokhintela. Isigaba 179(6) sinika uSARS amandla okwenza lokhu ngaphandle kokuqala ngokukhipha incwadi efuna isikweletu sentela kumkhokhintela uma kungukuthi ukukhipha leyo ncwadi kuzolimaza ukuqoqwa kwaleso sikweletu.

Lesi sinqumo esivuna thina sivikela igunya likaSARS ngokomthetho lokusebenzisa isigaba 179(6) sokuqoqa izintela ezikwelwetwayo futhi siveza ukunqoba kukaSARS emizamweni yawo eqhubekayo yokuqoqa intela nokuthobela imigomo yentela, ikakhulukazi uma sibheka isimo esikhona sengcindezi kwezomnotho ezweni.

Indlela yokuziphatha yokungathobeli kwabakhokhintela incisha uHulumeni izinsizakusebenza ezisemthethweni okulimaza uMbuso kanye nomphakathi waseNingizimu Afrika othembele kuzinsizakalo eziyisisekelo okumele uzithole kuhulumeni. USARS uzoqhubeka wenze umyalelo wawo wokuqoqa imali efanele, ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ubandlululo.

UKhomishana wakwaSARS uMnu Edward Kieswetter uncome uSARS ngokusebenza ngokushesha ukuthola intela obekufanele ingene esikhwameni sentela. Uthe, “nakuphi ukubambezeleka ekwenzeni lokhu ngokushesha bekuzokwenza ukuthi izimali zibuyele phesheya, obekuzonciphisa amathuba okuthi sibuye isikweletu esikweletwa uSARS. Phezu kwalokho, lokhu kufakazela ukuthi uSARS usendleleni eyiyo ekuphuculeni ukwazi namandla okuvimbela umkhuba wokungathobeli okuhambisana nokungajezisi ohlangothini lwabakhokhintela abathile. Lokhu ukunqoba okukhulu kwesikhungo nezakhamizi zezwe.”

UKhomishana uphethe ngokuthi “USARS uzinikele ngokuphelele ekusebenzisaneni nezinhlaka eziphoqelela umthetho ukulandelela izincomo zeKhomishini kaZondo ezindaweni ezingena ngaphansi kohlakakusebenza lomthetho olubusa ukuphathwa kwentela ezweni. Lokhu kuzimisela kokusebenza ngokubambisana nezinhlaka ezifanele ziveza ukuzinikela kukaSARS ekwenzeni konke okusemandleni ukwenza labo abathintekayo Ekubanjweni Kombuso Ngobhongwane babhekane nengalo yomthetho lapho okwenziwe khona ubugebengu bentela”.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)